# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

***38/2013 Intshumayelo ngesonto 8 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 21. 07. 2013***

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 191/182

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu wena onguMnini wokuphila, siyavuma ukuthi ukweduka kwethu, kanye nokuvaleka kwamehlo ethu okukholwa kwakungenxa yethu uqobo. Siyakhumbula ukuthi awuzange usishiye ebumnyameni, kodwa wasophula odakeni lwesono, ulaka lwakho kanye nokufa imbala. Ngabe asenzi iqiniso, uma singakubongi ngalomsebenzi wakho omkhulu kangaka! Siyabakhumbula nalabo abawile emseni ngokuphendukela ezinkolweni eziyize, ezikuphela kwazo luvalo nokubhubha isibili. Sithi: Ake ukhanyise amehlo abo, babone lesisono sabo, baphendukele kuwe ukuba ubaphe umusa wakho ngaye uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kkwabase-Efesu 5:8b-14;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Mathewu 5:13-16.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 23/24

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuJohane 9:1-7, lithi: "Wathi edlula" (uJesu), wabona umuntu owayeyimpumputhe kwasekuzalweni kwakhe. Abafundi bakhe bambuza bathi: Rabi, ngubani owonayo, lona noma abazali bakhe, aze azalwe eyimpumputhe na? UJesu waphendula wathi: Akonanga noma yena noma abazali bakhe, kodwa ukuze kubonakaliswe kuye imisebenzi kaNkulunkulu. Ngimelwe ukusebenza imisebenzi yongithumileyo, kusesemini; buyeza ubusuku, lapho kungesebenze-muntu. Ngisekhona ezweni ngingukukhanya kwezwe. Eseshilo lokho wafela amathe emhlabathini, wenza udaka ngamathe, waninda amehlo ayo ngodaka. Wathi kuyo: Hamba uyogeza echibini laseSilowama okuhunyushwa ngokuthi oThunyiweyo; yamuka-ke, yageza, yeza ibona." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, namuhla sizwa indaba eqala izwisa umunyu, bese igcina isijabulisa obonayo, ozwayo, noma ofundayo lesisehlakalo. Abantu abaningi nanamuhla basabheka ithuba lokuba kube khona umuntu ongabaphilisa ezifweni zabo. Ngalendlela abantu abaningi bahamba amabanga amade ukuba bathole mhlawumbe umthandazi ukuba abathandazele, baphile. Namuhla inginga lalamakholwa akithi asashiya ibandla ukuba athole amabandla okuthiwa ayaphilisa. Lapha angikhulunyiswa ngomona, noma isikhwele. Nokho ngithanda ukwazisa ukuthi uNkulunku uyayenza intando yakhe, noma ngayiphi indlela, nini noma kuphi.

Lokhu kukhomba ukuthi umuntu kufanele acabangisise ukuthi akusikho ukuba sebandleni okumenza ukuba agule. Kungenzeka ukuthi lomuntu wazalwa ebuthakathaka nje. Kungenzeka futhi ukuthi lomuntu ugula nje kungenxa yokuthi wenza isono esithile. Noma kunjalo akathandi ukusiyeka lesosono, ufuna ukuphiliswa esenaso, mhlawumbe nje aqhubeke ngaso nasemva kokuphiliswa. Kufanele umuntu akhumbule futhi ukuthi kungenzeka ukuba nasebuthakathakeni bakhe kubonakaliswe imisebenzi kaNkulunkulu. Phela, noPawulu uthi: Uma ngibuthathaka yikhona nginamandla. Ngalokho uyazibonga noma engenakuziphakamisa. Siyofika nini isikhathi lapho amakholwa eyovumela khona intando kaNkulunkulu? Luyosuka nini udaka emehlweni ethu. Liyovela nini iSilowama likhanya emakhaya ethu, ezinkonzweni zethu, emisebenzini yethu nanoma kuphi lapho sihamba khona na? Kungenzeka ukuthi usukhathele, amandla akho ehlile. Bheka lamaphuzu:

1. UJesu akamedluli umuntu.

2. UJesu uvula amehlo kumuntu.

Anginamhloni okusho ukuthi noma umuntu enjani **uJesu akamedluli**. Bekuzoba yinto emangalisayo, uma uJesu ebengathi, uma ebona umuntu oyompumputhe amdlule nje, angamnaki. Yiyo intshumayelo emnandi, ethokozisa inhliziyo. UJesu waletha isihawu sikaNkulunkulu ngokubonakalayo. Baningi phakathi kwethu esingamakholwa abacabanga ukuthi uJesu akafanele nakancane nje ukuhambela, asize abantu abangenamandla. Baningi naphakathi kwethu abahlulela abantwana babo, abazalwane babo ngisho namalungu amabandla abawaphetheyo ngenxa yamandla noma ubuthakathaka babo.

Uma ngibona umuntu odelelekile kungathi sengiyakwazi ukuhlola ukuhlonipheka kwami ukuthi kukhulu. Uma ngibona umuntu ohloniphekile ngokwendalo noma ngokwezinto zokomhlaba kungathi sengiyamthobela, ngimenze inkosi phezu kwami. Sengathi iNkosi ingasibuyisa kusenesikhathi. Baningi abantu abalahlekelwa ngamathuba amahle empilweni ngenxa yokubukelwa phansi. Noma kunjalo **uJesu akamedluli umuntu.** Ngiyasikhumbula lesiya sikhathi ubona izinto zikuhambela kahle, ukhohlwa ngabanye abantu. Kwakumnandi kuwe, ukhomba ngophakathi, ngisho nasenkonzweni imbala.

Nokho kuthe ukuba ubone ukuthi konke obukwenza bekungasizi, waqala manje ukuhamba kancane, wacathama. Ukuze kubonakaliswe imisebenzi kaNkulunkulu kuwe kuhle ukuba uzwisise lamazwi okuthi nawe awedluliwe nguJesu. Akusilo iphutha likaNkulunkulu ukuba umuntu abe yilokhu ayikho. Noma sibona abantu esingabacabangela ngokuthi bedlulwa ngumusa kaNkulunkulu kufanele sibone ukuthi imicabango yethu ayisilo iqiniso. Kunzima kabi kumuntu ukuba abone iqiniso, nokho khumbula ukuthi:

**UJesu uvula amehlo kumuntu**. Angishongo ukuthi uJesu wavula amehlo, kodwa ngithe **uJesu uvula amehlo kumuntu**. Lokhu kuyinkathi eyenzekayo. Baningi abantu abacabanga ukuthi into enkulu kulendaba ngukuthi uJesu wabona umuntu owazalwa eyimpumputhe, wamphilisa ukuba abone. Nami ngingumuntu wemvelo bengizocabanga kanjalo. Nokho kufanele ukuba sicabange okukhulu lapha. Kulendaba asizwa amazwi akhulunywa yimpumputhe. Esingakusho nje ngukuthi: Impumputhe iyezwa, noma ingaboni ukuthi ngobani abakhuluma eduze kwayo, iyezwa futhi ukuthi kukhona isitaputapu egcotshwa ngaso emehlweni, iyathoba. UJesu uthi kuyo: **Hamba uyogeza echibini laseSilowama.** Ayimpenduli, iyahamba.

Lokhu konke kukhomba umnyango ovulekile enhliziyweni yempumputhe. **Ukukholwa noma ukwethemba**. Ithemba lami nawe nanamuhla lisamfimfa. Noma sisabona izenzo ezingaka zikaNkulunkulu kithi amehlo ethu okukholwa asavaleka njalo. Thina sinenkinga enkulu kunempumputhe: Siyabona, sivaleke amehlo futhi. Lokhu kwenzeka njalo ezimpilweni zethu. Kubalulekile-ke ukuba sithole ukukhanya, senziwe abasha. Nathi sinalo ithuba lokuba amehlo ethu okukholwa ahlale ekhanya njalo. Bhekani isithelo sokukholwa esingukubona ngamehlo amasha. Mhlawumbe usabona ngamehlo amadala.

Shintsha. Thatha amehlo kaMoya ukuba uma ubusebumnyameni, ubone ukukhanya, usindiswe. Lenhlanhla ngeyakho. Cela uMoya oNgcwele kaNkulunkulu ukuba ehlele kuwe manje, hhayi ekuphumeni kwenkonzo, hhayi kusasa, kodwa ngisho manje. Kusesemini. Lizoshona ilanga.

Baningi phakathi kwethu abathatha intambama njengentathakusa, uma sekufikwa ngasezwini likaNkulunkulu. Phaphama! INkosi ikusize kulokhu, ikuthethelele ngenxa yokusifela esiphambanweni nangokuvuka ekufeni ngosuku lwesithathu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, Baba othandekayo osezulwini, siyabonga amandla akho amakhulu. Izwi lakho liyasikhanyisa ukuba lusuke kithi udaka lokulahlwa, kodwa sigezeke ngothunyiweyo wakho uJesu. Siyazicelela namuhla ukuba uthume ukukhanya kwakho ukuba kukhanyisele izinhliziyo zethu ezenza ukuba sethembe amandla ethu, sikhohlwe ngamandla akho. Sivikele njalo, Baba, esitheni sethu esilwa nentando yakho ngathi. Siyacela futhi ukuba usisize ukuba sisebenze njengeNdodana yakho kusakhanya, kusesemini, ukuze kuthi uma ilanga lishona kithi, sizibonge ngemisebenzi esiyenzile ngokusizwa nguwe. Ikakhulu siphe ukwamukela intando yakho, njengoba injalo. Noma intando yakho isezimpilweni zethu zokwenyama siyamukele injalo. Sikhulise njalo ekukwazini, nasekukwethembeni ngokwempela, size sifike nakho ekhaya osilungisele lona, ngaye uJesu Kristu iNdodana yakho ethandekayo. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 234/289

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1995/2001/2007 /ngu-M. Z. Mkhize.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.